

Connect with stories

Soon it will be time for the end-of-year holidays that offer us a break from our busy lives and give us more time to relax and spend with family and friends. More time also means more opportunities to share the stories of our lives and the stories in books with the people who are important to us.

When we get together with others, we tell them about what we have been doing and what has happened in our lives since we last saw them. Their stories allow us to learn about their lives too. So, we share the stories of our lives as a way of connecting with people around us. And, of course, every time when we spend time doing things and talking together, we create new life-story material that we can recall together or share with others later. It doesn't matter how old or young we are, we all use stories to explore our lives – past and present – and our possible futures. Telling stories provides a safe space to experience and make sense of the ups and downs of our lives.

Ukuxhumana ngezindaba

Sekuzoba yisikhathi samaholide okuphela konyaka asiphumuza ezimpilweni zethu ezimatasatasa, futhi sizoba nesikhathi sokukhululeka sibe nemindeneni kanye nabangani bethu. Isikhathi esiningi sichaza futhi namathuba amaningi okwabelana ngezindaba zezimpilo zethu kanye nezindaba ezisezincwadini nabantu ababalulekile kithi.

Uma sihlanganyela nabanye, sibaxoxela ngokuthi besenzani kanye nangalokho okwenzeke ezimpilweni zethu kusukela mhla sigcina ukubabona. Izindaba zabo zisivumela ukuthi sifunde nangezimpilo zabo futhi. Ngakho-ke, sabelana ngezindaba ezingezimpilo zethu njengendlela yokuxhumana nabantu abaseduze nathi. Futhi, empeleni, njalo uma sichitha isikhathi senza izinto, sixoxa ndawonye, sakha izindaba ezintsha ngempilo esizozikhumbula sindawonye noma esizokwabelana ngazo nabanye kamuva. Akunandaba ukuthi sibandala noma sibancane kangakanani, sonke sisebenzisa izindaba ukuze sijule nezimpilo zethu – zakudala kanye nezamanje – kanye nalokho okungenzeka ekusaseni lethu. Ukuxoxa izindaba kuhlinzeka ngendawo ephiphile yokuzwa nokuthola ukuthi kungani izinto zinokuhamba kahle ziphinde zingahambi kahle ezimpilweni zethu.

Kodwa kukhona ezinye izindaba ezisixhumanisayo futhi! Izindaba ezisihambisa ziyosifaka ezimpilweni zabantu esingakaze sibazi, basendulo noma ezindaweni ezikude. Izindaba ezisiyisa emihlabeni ecatsangelwayo lapho kushabalala khona impilo yangempela bese kusebenza okusamaphupho. Izindaba zingaxoxwa, kodwa siphinde sizifunde ezincwadini. Uma sifundela izingane zethu izindaba, sihamba nazo izingane singene endabeni bese sixhumana ngokujula nendaba sindawonye.

Izindaba zisiza izingane zakho ukuthi zithuthukise ukucabanga kanye nobuciko bokwakha izinto. Zisiza izingane ukuthi zithuthukise ulimi kanye nokucabanga kwazo, ikakhulukazi uma zizwa noma zifunda

But there are other stories that connect us too! Stories that transport us into the lives of people we've never known, who come from long ago or places far away. Stories that carry us away to imaginary worlds where real life fades and fantasy takes over. These stories can be told, but we also read them in books. When we read a story to our children, we travel into the story with them and we connect with each other through experiencing the story together.

Stories help your children develop their imagination and creativity. They help them to develop their language and thinking, especially when they hear or read stories in their home languages. And, stories provide your children with examples of how people meet the challenges they face in life.

The holidays give us more time to share stories together. So, this year take the opportunity to make stories the centre of how you relax, spend time and connect with your children. Nothing could be more enjoyable, satisfying and powerful for all of you!



izindaba ngezilimi zazo zasekhaya. Futhi, izindaba zihlinzeka izingane zakho ngezibonelo zokuthi abantu babhekana kanjani nezinsalelo abahlangabezana nazo empilweni.

Amaholide asinika isikhathi esengeziwe sokwabelana ngezindaba sindawonye. Ngakho-ke, ngalo nyaka sebenzisa ithuba lokwenza izindaba zibe ngumongo wendlela ophumula ngayo, ochitha ngayo isikhathi noxhumana ngayo nezingane zakho. Ayikho into engathokozeleka kakhulu, yenlise futhi ibe namandla kinina nonke kunalokhu!

INSIDE: Fun holiday activity ideas, PLUS a special holiday story featuring the Nal'ibali characters!

NGAPHAKATHI: Kukhona amacebo emisebenzi ethokozisayo yangesikhathi samaholide, KANYE nendaba yangamaholide ekhethekile enabalingiswa bakwaNal'ibali!

We will be taking a break until the week of 31 January 2016. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kube isonto langomhla zingama-31 kuMasingana wezi-2016. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole omunye unlingo wokufunda wakwaNal'ibali!




Drive your imagination

Story Power. Bring it home. Walethe ekhaya amandla endaba.



Nal'ibali holiday fun

Here are 20 fun ideas that incorporate storytelling, reading and writing to keep your children busy and entertained during the school holidays. The idea is to enjoy yourselves, so use the language/s you and your children feel most comfortable with.



Okokuzithokozisa ngamaholide kwakwaNal'ibali

Nanka amacebo okuzithokozisa angama-20 ahlanganisa ukuxoxa indaba, ukufunda kanye nokubhala ukuze ugcine izingane zimatasatasa futhi zithokozile ngamaholide okuvalwa kwezikole. Kuphokophelwe ukuthi nizithokozise, ngakho sebenzisa ulimi/izilimi wena kanye nezingane zakho enizizwa kahle ngazo.


1 Get organised. Let your children help you write lists, or write their own lists! For example, write a list of things that need to get done on a particular day, or write a shopping list.

1 Zihlele. Vumela izingane zakho ukuthi zikusize ukubhala izinhlu, noma ukuthi zibhale izinhlu zazo! Isibonelo, bhala uhlu lwezinto okumele zenziwe ngosuku oluthile, noma ubhale uhlu lokuzothengwa.

2 Keep a holiday diary. Use an exercise book or staple sheets of paper together to create a journal in which your children can draw and write about their holiday activities, thoughts, ideas and feelings. Encourage them to create a written record of their lives in this way each day, either with you or on their own.

2 Gcina idayari yangesikhathi samaholide. Sebenzisa incwadi yokubhalela noma uhlanganise amaphepha ndawonye ukuze wenze ijournals izingane zakho ezingadweba noma zibhale kuyo ngokuphathelele nezikwenze ngesikhathi samaholide, ezikucabangayo, imiqondo kanye nemizwa yazo. Zikhuthaze ukuthi zibhale phansi lokho okwenzeke ezimpilweni zazo ngale ndlela nsuku zonke, okungaba zikanye nawe noma zodwa.

3 Build a story. Stand in a circle with one person holding a ball. (You can also use a beanbag or small cushion – or anything else you can throw gently.) The person holding the ball starts the game by saying the first three words of a story (for example, "Once upon a ...") and then throws the ball to someone else who says the next three words of the story (for example, "... time there was ..."). Continue throwing the ball until your story is finished!



3 Yakhani indaba. Yimani isikokela bese kuba khona oyedwa obambe ibhola. (Ningasebenzisa nesikhwama sikabhontshisi noma ikhushini elincane – noma enye into eningakwazi ukuyiphonsa kamnene.) Umuntu ophethe ibhola nguye oqala umdlalo ngokusho amagama amathathu okuqala endaba (isibonelo, "Kwasukasukela. Kwakukhona intombazane ...") bese ephonsela ibhola lowo ozosho amagama amathathu alandelayo endaba (isibonelo, "... eyayithanda ukuculela izimbali ..."). Qhubekani nokuphonsa ibhola kuze kuphele indaba yenu!

4 Write a menu. Ask your children to think about the meals and snacks that their favourite story characters would enjoy, then help them write these things as a menu. Together make one or two meals or snacks from the menu and enjoy eating them afterwards!

4 Bhala imenyu. Cela izingane zakho ukuthi zicabange ngezidlo kanye nokubamba umoya nje okungathokozelwa abadlali basendabeni ababathandayo, bese uzisiza ukuthi zibhale lezi zinto njengemenyu. Yenzani isidlo esisodwa noma ezimbili nindawonye noma okokubamba umoya okukumenyu bese nithokozela ukukudla kamuva!

5 Make your own signs. Find some stiff cardboard (like an old cereal box) and collect lots of small items from inside and outside your home. Anything clean (and not sharp!) will do, like the pages of magazines or newspapers torn up into small pieces, bottle tops, sweet wrappers, chip packets, drinking straws, string, wool, toothpicks, buttons, twigs, pebbles and shells. With your children, create your own home-made signs by using your collected items to spell out the words, for example, "Mom's room" and "Brenda's bed". Display your signs at home – or give them away as presents.



5 Yenzani izimpawu zenu. Thola ikhalibhothi eliqinile (elifana nebhokisi elidala lesiriyeli) bese uqaqa izinto ezincane eziningi ngaphandle kwekhaya lakho. Noma yini ehlanzekile (futhi engebukhali!), efana namakhasi amaphephabhuku noma amaphephandaba adatshulwe aba yiziqephu ezincane, izivalo zamabhodlela, amaphepha kaswidi, amaphakethe amashibusu, iminxumo yokuphuza, intambo, iwuli, izinti zokuvungula, izinkinobho, izinswazi, izimbokojana kanye namagobolondo asolwandle. Wena nezingane zakho, yenzani ezenu izimpawu ezakhelwe ekhaya ngokusebenzisa izinto eniziqoqile ukuze nipele amagama, isibonelo, "Igumbi lokulala likaMama" kanye nelithi: "Umbhede kaBrenda". Phanyekani izimpawu zenu ekhaya – noma nizinike abanye njengezipho.

6 Create story worlds. Read a story together, then use playdough or Plasticine and coloured paper to recreate scenes or characters from the story on paper plates. Take turns telling each other about the story worlds you have created.

6 Yakhani imihlaba yezindaba. Fundani indaba ndawonye, bese nisebenzisa inhlama yokudlala noma i-plasticine, kanye nephepha elihlotshiswe ngombala ukuze nenze kabusha iziqephu noma abalingiswa basendabeni emapuletini amaphepha. Shintshanani ngokuxoxelana ngemihlaba yezindaba eniyakhile.

7 Write a Christmas letter. If your children believe in Father Christmas, encourage them to write a letter to him explaining what they would like for Christmas and what other people in your family would like too. You may want to remind your children that Father Christmas has to bring presents for lots of people so he really appreciates it when we give him ideas for some small, cheaper presents!

7 Bhala incwadi kaKhisimusi. Uma izingane zakho zikholetwa kuBaba uKhisimusi, zikhuthaze ukuthi zimbhalele incwadi zichaze ukuthi zingathanda ukutholani ngoKhisimusi, nokuthi yini enye futhi ethandwa ngabanye abantu emndenini. Kungenzeka kudingeke ukuthi ukhumbuze izingane zakho ukuthi uBaba uKhisimusi kumele eze neziphosho zabantu abaningi, ngakho kuyamthokozisa uma singamtshelela ngeziphosho ezincane, ezingabizi!

8 Make puppets. Let your children use the cardboard rolls inside toilet paper together with coloured paper, glue and paint to create puppets. Then suggest that they put on a puppet show!

8 Yenza amaphaphethi. Vumela izingane zakho ukuthi zisebenzise amaroli ekhalibhothi angaphakathi kwamaphepha asendlini yangasese kanye nephepha elinombala, iglu nopende ukuze zenze iphaphethi. Bese uphakamisa ukuthi azenze umbukiso wamaphaphethi!

9 Try something new. Set aside one week during the holidays where you all read something you would not usually choose to read. Maybe this means reading a book of poems, or the biography of an interesting person, or an information book on a topic you know nothing about. Or, maybe it means that you try out a new author. This is your chance to get hooked on something new!

9 Zama into entsha. Beka isonto elilodwa ngesikhathi samaholide lapho nonke enifunda khona ebeningeke nikhethe ukukufunda ngokujwayelekile. Mhlawumbe lokhu kusho ukufunda incwadi yezinkondlo, noma incwadi engomlando womuntu ogqame ngokuthile, noma incwadi enika ulwazi ngesihloko ongazi lutho ngaso. Noma, mhlawumbe lokhu kungasho ukuthi kumele uzame umbhali omusha. Leli ithuba lakho lokuthi ugxile entweni entsha!



10 Go on a treasure hunt. One person decides what the treasure will be. (It could be a few pretty shells or sweets or a story!) He/she writes up the clues that tell everyone what they have to do next to discover where the treasure is hidden. Then the person hides the clues in different places and everyone else uses each clue to get one step closer to finding the treasure! When they find the treasure they share it.

10 Niyofuna umcebo. Munye umuntu onquma ukuthi uzoba yini umcebo. (Kungaba amagobolondo asolwandle amahle ambalwa noma amaswidi noma indaba!) Ubhala lokho okukhomba okulandelayo okumele bakwenze ukuze bathole ukuthi ufihlwe kuphi umcebo. Bese lowo muntu efihla lokho okukhomba ukuthi ukuphi umcebo ezindaweni ezahlukene, bese wonke umuntu esebenzisa lowo mkhombandlela ukuze asondele ekutholeni umcebo! Uma bethola umcebo babelana ngawo.

11 Create a Story Power book box to keep your Nal'ibali supplement cut-out-and-keep books in. Give your children some old magazines and newspapers, and let them cut out pictures and words that they like. They can also use pictures of their favourite Nal'ibali characters. (Visit the "Resources" section at www.nalibali.org to download pictures of the Nal'ibali characters.) They could even draw their own pictures! Let your children turn a shoebox into their own Story Power book box by pasting their cut out words and pictures on the outside and inside of the box.



11 Yenza ibhokisi lezincwadi ze-Story Power ukuze ugcine kulo izincwadi zakho ozisika uzikhiphe bese uzigcina zesithasiselo sakwaNal'ibali. Nikeza izingane zakho amaphephabhuku kanye namaphephandaba amadala, bese uzivumela ukuthi zisike izithombe kanye namagama eziwathandayo. Zingasebenzisa nezithombe zabalingiswa bakwaNal'ibali ezibathandayo. (Vakashela isigaba esithi "Resources" ku-www.nalibali.org ukuze uthwebule ngenzisa yekhompyutha abalingiswa bakwaNal'ibali.) Zingadweba nezithombe zazo futhi! Vumela izingane zakho ukuthi zishintshe ibhokisi lazo lezicathulo libe ibhokisi lezincwadi ze-Story Power ngokunamathelisa amagama eziwasike zawakhipha kanye nezithombe ngaphandle kanye nangaphakathi kwebhokisi.

12 Remember a book with a bookmark. Give your children pieces of cardboard cut into the shape of a bookmark. On one side of the bookmark, they can draw a picture of a scene from a book they have read and enjoyed. On the other side, ask them to write the name of the book, its author, its illustrator (if it has one) and a few sentences from the book.

12 Khumbula ukuthi incwadi kumele ibe ne-bookmark. Nikeza izingane zakho isiqephu sekhalibhothi elisikwe lamisa okwe-bookmark. Ngaphakathi kwe-bookmark, zingadweba isiqephu esivela endabeni ezake zayifunda futhi zayithokozela. Ngakolunye uhlangothi, zicele zibhale igama lencwadi, umbhali wayo, umdwebi wemifanekiso yayo (uma inaye) kanye nemisho embalwa evela encwadini.

13 Use someone else's words in your own way. Cut out headings in magazines and newspapers. Then cut the headings up into single words. Lay the words out in front of you where everyone can see them. Choose words to create poems or sentences of your own.

13 Sebenzisa amagama abanye ngendlela yakho. Sika ukhiphe izihloko zamaphephabhuku namaphephandaba. Bese usika isihloko siba amagama ahamba ngawodwa. Ndlala amagama phambi kwakho lapho ezobonwa khona yiwo wonke umuntu. Kheitha amagama ukuze wenze izinkondlo noma imisho yakho.

14 Have a book race. Here's a fun game to play with a group of children at your library or reading club. On six pieces of paper write the names of six different books at your library or club. Also write a page number from the book and the beginning of a sentence on that page. Divide the children into teams and give them a copy of the first piece of paper with the book clue on it. The teams race to find and complete the sentence from the book named in the clue, so that they can get their next clue. The team that completes all the sentences correctly in the shortest time, is the winner!



14 Yiba nomqhudelwano wencwadi. Nanku umdlalo ozodlalwa nethimba lezingane ematsheni wakho wezincwadi noma ethimbeni lakho lokufunda. Emaphepheni ahlukene ayisithupha bhala amagama ezincwadi ezahlukene eziyisithupha ezisematsheni wakho wezincwadi noma ethimbeni lakho lokufunda. Bhala futhi nenombolo yekhasi kanye nesiqalo somusho kulelo khasi. Hlukanisa izingane zibe ngamathimba bese uzinika iphepha lokuqala elinomkhombandlela wencwadi kulo. Amathimba ayaqhudelana ukuze athole bese eqedela umusho wencwadi ebhalwe kumkhombandlela, ukuze athole umkhombandlela wawo olandelayo. Ithimba eliqedela yonke imisho ngendlela efanele nangesikhathi esifishane, ilona elizonqoba!

15 Cook together. Find a recipe with your children for something interesting that they haven't eaten before. Read the recipe, gather the ingredients and then make the food together – then enjoy eating it!

15 Phekani ndawonye. Thola iresiphi nezingane zakho yokwenza into ehlaba umxhwele eningakaze niyidle phambilini. Fundani iresiphi, tholani zonke izithako bese nenza ukudla ndawonye – bese niithokozela ukukudla!



16 Tell stories with socks. Find old socks and then, with your children, glue on wool, fabric pieces, paper and feathers to create your own sock puppets. Try making puppets of the characters from a story you all enjoy and then telling the story in your own way using the puppets. Or, create puppets that each of you can use to tell your own new stories. (If each of you makes a puppet, you can have family fun making up a story that includes all of them!)

16 Xoxani izindaba ngamasokisi. Thola amasokisi amadala bese kuthi, kanye nezingane zakho, ninamathiselani neglu iwuli, iziqephu zendwangu, iphepha kanye nezimpaphe ukuze nizenzele awenu amaphaphethi amasokisi. Zamani ukwenza amaphaphethi abalingiswa basendabeni eniyithokozela nonke bese nixoxa indaba ngendlela yenu nisebenzisa amaphaphethi. Noma, nakhe amaphaphethi omunye nomunye kini ozowasebenzisa ukuxoxa indaba yakhe entsha. (Uma ngamunye kinina enza iphaphethi, ningazithokozisa njengomndeni nizenzele indaba ewabandakanya wonke!)

17 Make a gift. Write a story and draw pictures to go with it. Carefully fold up the story and put it in an envelope. Decorate the front of the envelope and write the story title on it. On the back of the envelope, write who you are giving the story to, a message and your name. For example: To Mommy. Here is a special story for you. With love from Amina.

17 Yenza isipho. Bhala indaba bese udweba izithombe ezihambisana nayo. Songa indaba ngokucophelela uyifake emvulophini. Hlobisa ingaphambili lemvolophu ubhale isihloko sendaba kuyo. Ngemuva kwemvulophu, bhala ukuthi uyinika bani indaba, umlayezo kanye negama lakho. Isibonelo: Mama Othandekayo. Nansi indaba yakho ekhethekile. Isuka enhliziyweni enothando ka-Amina.

18 Share stories. Let everyone have a turn to share a story that they really like. Place a chair in a place where everyone can see it easily and gather around the chair. Ask the storytellers to sit on the chair when they read or tell their favourite stories.

18 Yabelanani ngezindaba. Vumela wonke umuntu ukuthi abe nethuba lokwabelana nabanye ngendaba ayithanda ngempela. Bekani isihlalo lapho wonke umuntu ezosibona khona kalula bese nizungeza isihlalo lesa. Cela umxoxi wendaba ukuthi ahlale esihlalweni uma efunda noma exoxa izindaba zakhe azithandayo.

19 Play a word game. Write the letters of a word on different sheets of paper (A5 or A4 size). Give the sheets of paper to your children and ask them to build a word using all of the letters. Repeat this with other words. (Tip: First play the game with words that have three or four letters in them to encourage your children. As they get better at it, you could increase the number of letters in the words to provide more of a challenge.)

19 Dlala umdlalo wamagama. Bhala izinhlamvu zegama emaphepheni ahlukene (angu-A5 noma u-A4 ngobukhulu). Nikeza izingane zakho amaphepha bese uzicela ukuthi zakhe igama zisebenzisa zonke izinhlamvu zamagama. Phinda lokhu ngamanye amagama. (Icebo: Qala udlale umdlalo ngamagama anezinhlamvu ezintathu kwezine ukuze uzikhuthaze izingane zakho. Uma sezikwenza kangcono lokhu ungakhulisa isibalo sezinhlamvu zamagama ukuze zibe nenselelo.)

20 Make greeting cards. Let your children use cardboard, paper, crayons, kokis, glitter and glue to make Christmas, New Year and/or Hanukkah cards to give to family and friends.

20 Yenzani amakhadi ezilokotho. Vumela izingane zakho ukuthi zisebenzise amakhalihothi, iphepha, amakoki, uqhakaza kanye neglu ukuze zenze amakhadi kaKhisimusi, uNyaka Omusha kanye /noma i-Hanukkah ezizowanika umndeni kanye nabangani.





Get story active!

Here are some ideas for using the stories in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

Lion meets his match

Children from three years old are likely to enjoy this traditional story about how a small jackal is able to outwit a strong lion, not just once, but a few times! It is a good story for reading aloud and telling.

- ★ After you have read the story, discuss these questions together.
 - 🌸 If you re-read the first paragraph of the story, you'll find the deal that Little Jackal and Lion made. Do you think this is a fair deal?
 - 🌸 Why do you think the jackal agrees to the deal?
 - 🌸 Was the jackal right to trick the lion? Why or why not?
 - 🌸 The story is called "Lion meets his match". Why do you think it's called this? Can you think of another good title for the story?
- ★ What do you think happens after the story ends? Is Lion ever able to catch Little Jackal? Write or tell the story that happens after this one ends.



Hair day

In this story, a young girl likes her hair the way it is, but her mother wants her to have it cut and styled. In the end, they each get what they want. This story is particularly suitable for children between the ages of 2 and 7. You can also use the story with older children by letting them read it in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement.

- ★ If your children are learning to read, suggest that they try to read the words in the story with you when you read it for a second time.
- ★ There is a lot of detail in the pictures and this helps to tell the story. As you read, allow plenty of time for your children to look closely at the pictures. Encourage them to notice things that interest them or that they find funny. You can also ask questions about the pictures. Here are some examples.
 - 🌸 **Page 4:** Why do you think the girl is hiding under the bed?
 - 🌸 **Page 5:** Where do you think they are going? Do you think the girl wants to go there?
 - 🌸 **Pages 6 to 9:** Invite your children to find the different types of hair named in the words on these pages.
 - 🌸 **Pages 9 to 10:** Do you think the girl is enjoying being at the hairdresser?
 - 🌸 **Page 12:** Look at the girl's face. Do you think she likes her new hairstyle?
 - 🌸 **Page 15:** Do you think she likes her hairstyle now?
- ★ Use towels, brushes, combs and hair accessories that you have at home to play hairdresser-hairdresser with your children. Take turns being the hairdresser!



Hope's holiday

In this story, the Nal'ibali characters Hope and Afrika are chased by an angry warthog when they visit the water hole on the farm where Afrika lives.

- ★ Do warthogs always chase people? Do they have warts on them? Use information books or the Internet to find out more about these animals.
- ★ Give your children Plasticine or playdough to make the characters in the story, then invite them to use their characters to retell the story.
- ★ Encourage your children to write or tell their own holiday adventure stories – real or imaginary!



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo amayelana nokusebenzisa izindaba ezikulesi sithasiselo. Khethe lawo ahambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.



Ibhubesi lihlange nentanga yalo

Izingane ezineminyaka esukela kwemithathu zingase ziyithokozela le nganekwane yempungushe encane ehlokaniphela ibhubesi elinamandla, hhayi kanye, kodwa kaningana! Indaba enhle yokuyifunda kakhulu nokuyixoxa.

- ★ Ngemva kokufunda indaba, xoxani ngale mibuzo ndawonye.
 - 🌸 Uma uphinda ufunda isigaba sokuqala, uzothola isivumelwano esenziwa uMpungushe Omncane kanye noBhubesi. Ngabe ucabanga ukuthi yisivumelwano esihle lesi?
 - 🌸 Ucabanga ukuthi kungani impungushe ivuma ukungena kulesi sivumelwano?
 - 🌸 Ngabe impungushe yenze kahle ngokulutha ibhubesi? Kungani lokhu kukuhle noma kungekuhle?
 - 🌸 Indaba ibizwa ngokuthi "Ibhubesi lihlange nentanga yalo". Ucabanga ukuthi kungani ibizwa kanje? Ngabe sikhona esinye isihloko esihle sendaba ongasicabanga?
- ★ Ngabe ucabanga ukuthi kwenzekani ngemva kokuphela kwendaba? Ngabe uBhubesi uyoke akwazi ukubamba uMpungushe Omncane? Bhala noma uxoxe indaba eyenzeka ngemva kokuba sekuphele le.

Usuku lwezinswele

Kule ndaba, intombazanyana ithanda izinwele zayo njengoba zinjalo kodwa umama wayo ufuna ziphungulwe bese zenziwa isitayela. Ekugcineni, bobabili bathola lokho abakufunayo. Le ndaba ilungele kakhulu izingane ezineminyaka ephakathi kwemi-2 kanye neyi-7. Ungayisebenzisa futhi le ndaba ezinganeni ezindadlana ngokuzivumela ukuthi ziyifunde ngolimi lwazo lwasekhaya bese ziyifunda ngolunye ulimi lwesithasiselo.

- ★ Uma izingane zakho zifunda ukufunda okubhaliwe, phakamisa ukuthi zizame ukufunda nawe amagama asendabeni uma usuyifunda okwesibili.
- ★ Kukhona iminingwane eminingi ezithombeni, lokhu-ke kusiza ukuxoxa indaba. Ngesikhathi ufunda, nikeza izingane zakho isikhathi esanele sokuthi zibukisise izithombe. Zikhuthaze ukuthi ziqaphele izinto ezizihlaba umxhwele noma lokho ezikuthola kuhlekisa. Ungabuza nemibuzo mayelana nezithombe. Nazi ezinye zezibonelo.
 - 🌸 **Ikhasi lesi-4:** Ucabanga ukuthi kungani intombazane icashe ngaphansi kombhede?
 - 🌸 **Ikhasi lesi-5:** Ngabe ucabanga ukuthi bayaphi? Ngabe ucabanga ukuthi intombazane iyathanda ukuya lapho?
 - 🌸 **Ikhasi le-6 ukuya kwele-9:** Mema izingane ukuthi zithole izinhlobo ezahlukene zezinwele ezibalwe ngamagama kulawa makhasi.
 - 🌸 **Ikhasi le-9 ukuya kwele-10:** Ngabe ucabanga ukuthi intombazane iyakuthokozela ukuba sendaweni yokucwala izinwele?
 - 🌸 **Ikhasi le-12:** Buka ubuso bentombazane. Ngabe ucabanga ukuthi iyasithanda isitayela sayo sezinswele esisha?
 - 🌸 **Ikhasi le-15:** Ngabe ucabanga ukuthi iyasithanda manje isitayela sayo sasekhanda?
- ★ Sebenzisa amathawula, amabhulashi, amakama kanye nezinsiza zokuhlobisa izinwele onazo ekhaya ukuze ulingise ukuba ngumcwali wezinwele nezingane zakho. Shintshanani ngokuba abacwali bezinwele!

Iholide likaHope

Kule ndaba, abalingiswa bakwaNal'ibali uHope no-Afrika bajahwa yintibane ethukuthele ngesikhathi bevakashela umgodi wamanzi wasepulazini okuhlala kulo u-Afrika.

- ★ Ngabe zintibane zihlale zijaha abantu? Ngabe zinezinsumpa emizimbeni? Sebenzisa izincwadi ezinika ulwazi noma i-Inthanethi ukuze uthole kabanzi ngalezi zilwane.
- ★ Nikeza izingane zakho i-plasticine noma inhlama yokudlala ukuze zenze abalingiswa basendabeni, bese uzimema ukuthi zisebenzise abalingiswa bazo ukuba baxoxe kabusha indaba.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale noma zixoxe ezazo izindaba zokuzehlele esikhathini samaholide – eziyiqiniso noma ezicatshangelwayo nje!

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold each sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.

Luckyly Lion was a patient creature. "We all need to drink," he said grimly, and off he went down to the river to wait for Little Jackal. Ngenhlanhla uBhubesi wayeyisilwane esinesineke. "Sonke siyadinga ukuphuza," lisho lihleka inhlini, lase liya ngasemfuleni liyolinda khona uMpungushe Omncane.



"Hey, Little Jackal!" roared Lion. "We need to talk!"
 "What's your name?" shouted Little Jackal. "Whose son are you? Where are you from? Where are you going? Who do you want? Why do you want him?"
 Lion felt confused, but replied, "I've come to see you. Let down the rope!"
 "All right!" shouted Little Jackal. "Here it comes!"
 But the rope was made of mouse skins, and when Lion had climbed only a little way up, it broke. *Thump!* Down fell Lion. Furtiously, he slunk away, while Little Jackal screamed with laughter.
 "We Mpungushe Omncane!" kubhonga uBhubesi.
 "Kumele sikhulumel!"
 "Ungubani igama lakho?" kumemeza uMpungushe Omncane. "Uyindodana kabani? Uqhamukaphi? Uya ngakuphi? Ufuna bani? Umfunelani?"
 UBhubesi wazizwa edidekile, kodwa waphendula wathi, "Ngizokubona. Ake wehlise intambo!"
 "Kulungile!" kumemeza uMpungushe Omncane. "Nanso-ke!"
 Kodwa intambo ayehlisa yayenziwe ngesikhumba samagundane, kuwa uBhubesi. Esethukuthela wayelela wahamba, ngesikhathi uMpungushe Omncane efa uhleko.

Lion meets his match Ibhubesi lihlange nentanga yalo



Joanne Bloch
Alzette Prins

When Lion invites Little Jackal to go hunting with him, he doesn't realise what he's letting himself in for. Little Jackal is a very tricky character, who cunningly outwits Lion over and over again. Jackal cheats Lion out of meat, makes him fall from a rope too weak to hold him and tricks Lion into letting him go when Lion finally has him cornered. Poor Lion is very patient, and keeps on trying, but with hopeless results!

Lion meets his match is based on a traditional African story. It is retold here by Joanne Bloch.

Lapho uBhubesi emema uMpungushe Omncane ukuthi ayozingela naye, akayiqondi into azifaka kuyo. UMpungushe Omncane unobuqili, ushaya uBhubesi uduma olungeqiwa ntwala izikhathi zilandelana. UMpungushe uqola uBhubesi inyama, amenze awele phansi ngokumbambisa intambo engaqinile bese elutha uBhubesi ukuze amdedele esembambile. UBhubesi wenkosi unesineke, futhi ulokhu ezama, kodwa kube nhlanga zimuka nomoya!

Ibhubesi lihlange nentanga yalo yindaba esuselwa enganekwaneni yase-Afrika. Lapha ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



“Let’s hunt together!” said Lion to Little Jackal. “If we catch a small buck, you can have it – but if we catch a big one, it’s mine.”

“Fine!” said Little Jackal.

As it happened, the first animal they killed was a large eland. Lion was delighted. “I’ll carry on hunting,” he said. “You go and call my children to fetch this meat and take it to my home.”

“Ake siyozingela ndawonye!” kusho uBhubesi kuMpungushe Omncane. “Uma sibamba inyamazane encane, ungayithatha – kodwa uma sibamba enkulu, izoba ngeyami.”

“Kulungile!” kusho uMpungushe Omncane.

Kwenzeka-ke ukuthi isilwane sokuqala abasibulala kwaba impofu enkulu. Wajabula wafa uBhubesi. “Ngizoqhubeka nokuzingela,” kusho yena. “Hamba uyobiza izingane zami zizothatha yonke le nyama ziye nayo kwami.”

But when the tricky jackal finally arrived at the water’s edge, he saw Lion and immediately ran away. Lion rushed after him, but Little Jackal disappeared into a hole under a tree. Lion shot out his huge paw. Too late! All he caught was the jackal’s tail.

“Lion, Lion,” wheedled Little Jackal, “that’s not my tail, it’s a root! Try bashing it with a stone, and see if any blood comes out!”

So Lion let go of the tail, and went to find a stone. Immediately, Little Jackal squeezed himself further into the hole, yanking his tail in after him. When Lion returned and saw it was gone, he hid behind a rock and waited.

Some hours passed before Little Jackal cautiously peered out of the hole. He couldn’t see Lion, but guessed he might be nearby. To make sure, he shouted, “Ho, I see you, my master, although you are hiding!”

Kodwa kwathi ekugcineni lapho impungushe eyiqili ifika osebeni lomfula, yabona uBhubesi, yabalaka ngaso lesa sikhathi. UBhubesi wamhlala ezithendeni, kodwa uMpungushe Omncane wanyamalala emgodini ongaphansi kwesihlahla. UBhubesi waziphonisa lapho. Kodwa kwase kusema kwendaba! Wakwazi ukubamba umsila wempungushe nje kuphela.

“Bhubesi, bhubesi,” kuzikhalela uMpungushe Omncane, “akuwona umsila wami lowo, yimpande! Zama ukuyigxoba ngeshe, ukuze ubone ukuthi lizophuma yini igazi lam!”

“Sizani bo!” kukhala uMpungushe Omncane. “Leli dwala liwela phezu kwami!”

“Sengimtholile-ke manje!” kuhleka uBhubesi, ephendukela ukugxavula ipali azosekela ngalo idwala ukuze akwazi ukubamba uMpungushe Omncane. Awu bantu! Ngesikhathi ephenduka, uMpungushe Omncane wathi ntinini, egigithaka kakhulu. Wayepinde wenza uBhubesi isilima futhi!



ezingama-noodles.
Izinwele ezingumbhoshongo, izinwele
Tower hair, noodle hair.




Izinwele ezinyintambo, izinwele ezisasosishi.
Rope hair, sausage hair.




Hair day is from the SONGOLOLO list – a range of books celebrating both the common and diverse interests and experiences in childhood, featuring stories from Africa and beyond.

Shuter & Shooter Publishers acquired the award-winning children's picture book imprint, SONGOLOLO in 2008. SONGOLOLO is a quality list, featuring books by some of South Africa's foremost authors and illustrators, including Niki Daly, Gcina Mhlophe, Joan Rankin and Jude Daly. The list features several bestsellers, including Niki Daly's *Mama, Papa and Baby Joe*, and Joan Rankin's *Wow! It's great being a duck* and other numerous award-winning titles. For further information, visit www.shuters.com



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



It starts with a story...

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi

Hair day Usuku Iwezinwele



*Dawn Garisch
Trish de Villiers*

Izinwele ezelulekile, izinwele ezigqene.

Straight hair, curly hair.



My hair.

Izinwele zami.



Mad hair.

Zimahlipihlphi.



Yomisa izinwele.

Dry hair.



Gunda izinwele.

Cut hair.



Kama izinwele.

Comb hair.




Geza izinwele.

Wash hair.



Happy, happy, happy hair!

Izinwele ezijabule, ezijabule, ezijabule!





Braid hair, Bead hair, Fiddle, fiddle, fiddle!
 Izinwele ezelukiwe. Izinwele ezifakwe ubuhlalu. Tikita, tikita, tikita!



Brown hair, orange hair
 Izinwele ezinsundu, izinwele ezizumbala osawolintshi!

My hair!

Izinwele zami!



Hair cut!

Kumele uziphungule!




HAIR DAY!
USUKU LWEZINWELE!

IZINWELE ZAMI?
MY HAIR?



Princess hair!
Izinwele
zeNkosazana!



Come here! Woza la!


My hair!
Izinwele zami!

Shake hair.
Nyakazisa izinwele.

Shake hair.
Nyakazisa izinwele.



Shake, shake, shake!
Nyakazisa, nyakazisa, nyakazisa!



Ngakhona uBhubesi wadeda, wayofuna ishe. Kusenjalo, uMpungushe Omncane ekujuleni komgodi, ekhwicela umsila wakhe emva kwakhe. Ngesikhathi uBhubesi ebuya wabona ukuthi akasakhona, wacasha ngemva kwamadwala walinda. Kwadlula amahora ambawo ngaphambi kokuba uMpungushe Omncane alunguze emgodi ngokucophela. Wayengamboni uBhubesi, kodwa waqagela ukuthi kungenzeka ukuthi useduze nalapho. Ukuze aqinisekise lokhu, wamemza, “Ho, ngyakubona nkosi yami, noma ucashile nje!”

But Little Jackal made one mistake – he sat next to the fire. He grew too comfortable there and dozed off. Soon his false horns grew softer and softer. Finally they melted and dripped into a waxy puddle on the ground.

“Look!” shouted Wildebeest suddenly. “It’s Little Jackal!”

“Catch him!” roared Lion, but the noise woke Little Jackal and he quickly hid under an overhanging rock.

“Help!” Little Jackal screamed. “This rock is falling on me!”

“He’s mine now!” laughed Lion, turning to grab a pole to prop up the rock so he could catch Little Jackal. Oh dear! As he turned, Little Jackal darted off, chortling loudly. He had fooled Lion once again!

Kodwa uMpungushe Omncane wenza iphutha elilodwa – wahlala eduze nomlilo. Wazizwa ekhululeke kakhulu wase elala. Kungekudala izimpondo zakhe zokuzakhela zaya ngokuya zithamba. Ekugcineni zancibilika zase ziconsela phansi zenza ibhaka lengcina.

“Bhekani!” kukhala uNkonkoni ngaleso sikhathi.

“UMpungushe Omncane!”

“Mbambeni!” kubhavumula uBhubesi, kodwa umsindo wavusa uMpungushe Omncane wase ecasha ngaphansi kwedwala elilengayo.

Uhubesi waphuma ngokugqibhazela eqonde endlini kaMpungushe Omncane, kodwa izimpungushe zazihlala phezu kwedwala eliphakeme kakhulu, kanti ukuphela kwendlela yokuhlala lapho kwakungentambo.

“Cha,” kusho uBhubesikazi, “impela akazange! Sisalambele!”

Wathukuthela uBhubesi. “Akazange yini uMpungushe Omncane ashele izingane ukuthi ziyolanda inyama?” esho egwawuma.

“Inyama ebuyenze njani?” ephendula ngokunengwa.

uBhubesikazi ekhotha izidlala zakhe.

Walika ekhaya ekhathale futhi elambile. “Iphi inyama?” ebuza Uhubesi akazange abambe lutho olunye. Emva kwamahora ambawo.

Angry, Lion stormed off to Little Jackal’s house, but the jackals lived on top of a high rock, and the only way to get up there was by rope.

“No,” said Lioness, “he certainly didn’t. We’re still hungry!”

“Lion was furious. “Didn’t Little Jackal tell the children to fetch some meat?” he growled.

“What meat?” she replied coldly.

his chops.

Lion caught nothing else. A few hours later, he arrived home, tired and hungry. “Where’s the meat?” he asked Lioness, licking



“Fine!” said Little Jackal again, but as soon as Lion left, he went and called his own children instead. “Lion thinks I’m a fool!” laughed Little Jackal. “Why should I feed his children while my own are starving?”

“Kulungile!” kuphendula uMpungushe Omncane, kodwa lapho uBhubesi eshambile, wahamba wayobiza izingane zakhe. “UBhubesi ucabanga ukuthi ngiyisilima mina!” kuhleka uMpungushe Omncane. “Kungani kumele nginike izingane zakhe ukudla ezami zibe zilambile?”



Alkange athi vu UBhubesi. Walungisa umzimba wakhe, elindlele ukumbamba. Kodwa uMpungushe Omncane waphuma ngesivini emgodini wamshiya UBhubesi. Impungushe eyiqili yayiphinde yapahunyuka futhi!

Kwathatha amasono khona, kodwa UBhubesi wayemuhle ekulindeni. Ngelinye ilanga, wakwazi ukuvalela ekhomeni uMpungushe Omncane phakathi kwamadwala amabili. Wayesozomxumela ngesikhathi uMpungushe Omncane ehlaba ethi, “Ake uthule! Ngabe uyayibona leya nyamazane elaphaya? Ngijabula ukuthi uzongizazi! Vele uhlele la ngesikhathi mina ngisajikela ngenxa kwedwala ngizoyixosha ze ngakuwe.”



Lion said nothing. He tensed his body, ready to pounce. But Little Jackal whooshed out of the hole so suddenly that Lion was left behind. The cunning jackal had escaped once again!

It took weeks, but Lion was good at waiting. One day, he managed to corner Little Jackal between two rocks. He was about to spring, when Little Jackal whispered, “Quiet! Can’t you see that bushbuck over there? I’m glad you’ve come to help me! Just stay here while I run round the rock and dive him towards you.”

Poor Lion! He froze – and Little Jackal ran away again.

Another week went by. Little Jackal knew that Lion was to meet with all the animals with horns. “I think I’ll go to that meeting!” said Little Jackal. “I feel like some fun!”

So Little Jackal stole some wax from a beehive, and made himself a beautiful pair of horns. “What a good disguise!” he smirked when he arrived at the meeting. “Nobody knows it’s me!”



UBhubesi wabantu! Wama wanganyakazi – wase ebaleka uMpungushe Omncane futhi.

Kwadolula elinye isonto. UMpungushe Omncane wayazi ukuthi uBhubesi wayezohlangana nezilwane ezinezimpondo. “Ngicabanga ukuthi ngiye kulowo mhlango!” kusho uMpungushe Omncane. “Ngizizwa ngifuna okuzongithokozisa!”

Ngakho uMpungushe Omncane wantshontsha isigaxa sengcino esidlekeni sezinyosi, wase ezenzela izimpondo ezimbili ezinhle. “Ngizozifihla kahle!” esineka ngesikhathi efika emhlanganweni. “Akekho owaziyo ukuthi yimi!”

Nal'ibali fun



Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



Can you find six differences between these two pictures?

Ngabe ungakwazi ukuthola izinto eziyisithupha ezihlukile phakathi kwalezi zithombe ezimbili?



TIP:
Cross out the letters as you use them!

In the box on the right are all the letters you need to write the names of five of the Nal'ibali characters. Can you work out which characters they are?


1. _____
2. _____
3. _____
4. _____
5. _____

Ebhokisini elingakwesokudla kunazo zonke izinhlamvu zamagama ozidingayo ukuze ubhale amagama amahlanu abalingiswa bakwaNal'ibali. Ngabe ungakwazi ukuthola ukuthi ngawabaphi abalingiswa?

1. _____
2. _____
3. _____
4. _____
5. _____

ICEBO:
Cima izinhlamvu zamagama osuzisebenzisile!

Answers/izimpendulo: Noodle, Neo, Hope, Bella, Mballi



Enjoy reading these jokes and riddles!

- ★ How do porcupines kiss? Very carefully.
- ★ Why do bees hum? Because they don't know the words.
- ★ What present do you give an elephant? Lots of space to move around!
- ★ What gets wetter as it dries? A towel.
- ★ What has to be broken before you can use it? An egg.
- ★ Why can't a man living in Gauteng be buried in Limpopo? Because he's still living!
- ★ What's red and smells like blue paint? Red paint.

Thokozela ukufunda lawa mahlaya kanye neziphicaphicwano!

- ★ Ngabe ziqabulana kanjani izingungumbane? Ngokukhulu ukucophelela.
- ★ Kungani izinyosi zivuma imvunge? Ngoba aziwazi amagama engoma.
- ★ Ngabe uyipha siphosini indlovu? Indawo enkulu yokunyakaza!
- ★ Yini eya ngokuba manzi ngesikhathi yoma? Ithawula.
- ★ Yini okumele iphulwe ngaphambi kokuba ukwazi ukuyisebenzisa? Iqanda.
- ★ Kungani indoda ephila eGauteng ingeke ingcwatshelwe eLimpopo? Ngoba isaphila!
- ★ Yini ebomvu futhi enuka njengopende oluhlaza okwesibhakabhaka? Upende ebomvu.

You can find more Nal'ibali Fun on page 16!

Ungathola okunye kokuZithokozisa kwakwaNal'ibali ekhasini le-16!

NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:
Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.
SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.




UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:
Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.
Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



Hope's holiday

By Wendy Hartmann ★ Illustrations by Rico



"Yay, it's holiday!" sang Hope. Her mother laughed and stopped the car on Mme wa Afrika's farm.

"We're here!" shouted Josh as he saw Afrika and his mother.

"Now that you are here, what are you planning to do?" asked Mme wa Afrika once everyone had unpacked their bags.

"Today we're going to feed the farm animals and collect eggs for you, Mme wa Afrika," said Hope. "Tomorrow we're all going to fly kites and on the last day, Josh would like to learn to bake bread in the outside oven.

"And I want to show Hope the water hole," said Afrika.

Mme wa Afrika and Hope's mother laughed.

Their first two days were busy and full of fun. On the third day Hope went to the water hole with Afrika, even though she really wanted to bake bread with Josh.

"We'll be back at lunchtime," said Hope as she and Afrika waved goodbye to everyone.

On their way they saw two hawks, some birds' nests and a tiny mouse. Hope took photographs of them with her cellphone.

"The water hole is over there," said Afrika pointing. "Let's be really quiet and hide behind this bush."

Afrika and Hope watched the birds drinking and bathing in the water. There was even a tiny buck drinking at the water's edge.

Then suddenly Hope went cold all over. Something was moving in the bush behind her.

"Afrika!" she whispered.

"Why are you whispering like that?" asked Afrika, still looking at the water hole.

"There's something behind us and it's getting closer," Hope whispered urgently.


"Don't be silly! There's nothing dangerous around here," said Afrika.

But then he turned around to look. "Oh no!" he shouted. "RUN! RUN!"

They ran between thorn trees and across the rocks. Afrika scrambled up a high tree and Hope followed. They could hear something following them.

"What is that?" Hope asked shaking and looking down from the safety of the tree.

"It's a warthog. And it's in a bad mood!" said Afrika.



"Is it dangerous?" asked Hope.

"Look at its tusks. When it's angry it's very dangerous!" said Afrika.

The warthog stared up at them. Its tusks were big and curved. It sniffed the air and circled the tree grunting. Then it turned and went down on its knees.

"Nooo," sighed Afrika.

"What? What?" asked Hope.

"Now it's looking for food. All we can do is wait and hope that it goes off soon," said Afrika.

The children watched the warthog as it dug in the ground. After quite some time it disappeared into the bush.

"It feels like we've been up here for hours. Are you sure it's gone?" asked Hope.

"I'm sure. Come on," said Afrika as he climbed down, looked around and groaned.

"What's wrong? Is it coming back?" Hope asked nervously.

"No," said Afrika. "Worse than that."

"What could be worse than being chased by an angry warthog?" asked Hope.

"We're lost," said Afrika. "I didn't look where we were running to ... and ... well you'd better phone my mother."

Hope dug in her pocket for her cellphone. "It's gone," she said. "It must have fallen out while we were running. Now what? It's getting late. Oh, I wish I had stayed and baked bread with Josh!"

Afrika took a deep breath. "We'll have to look for our footprints. When we find them, we can follow them back to the water hole." Then he looked around. "Oh no! The ground we ran across is hard and so there won't be any footprints!" he said.

"We'll just walk in a circle until we find something," said Hope and she started to walk. "Here!" she shouted. "Here's something"

Afrika looked at the prints. "No," he said, "those are not our footprints. Keep walking."

"But Afrika, they can help. I think those are buck prints. Don't you remember? We saw a small buck at the water hole."



"Oh, yes!" said Afrika. "We can follow them back to the water hole. We'd better hurry because I'm sure everyone at home is getting worried about us."

What they didn't expect to find at the water hole was Mme wa Afrika and Hope's mother!

"You're a bit late," said Mme wa Afrika getting out of the car. "We were worried. In you get, let's go."

"I hope you two have a good story," said Hope's mother, starting the car. "You've got a lot of explaining to do."

Hope and Afrika looked at each other.

"By the way," said Mme wa Afrika, "I just saw an angry warthog. Luckily you didn't bump into it. That could have been really dangerous!" Then after a bit she said, "Oh, Hope, look what I found lying near a bush at the water hole." She handed Hope her cellphone. "It's a pity it wasn't in your pocket, you could have phoned to let us know you were going to be late."

Hope looked at Afrika again and they both burst out laughing.

"Mmm," said Mme wa Afrika. "It looks like you have a good holiday story to tell, Hope."



“Ngingci, yisikhathi samaholide!” kucula uHope. Waqhuma ukuhleka umama wakhe ngesikhathi emisa imoto epulazini likaMme wa Afrika.

“Sifike ngezinkani!” kumemeza uJosh lapho ebona u-Afrika nonina.

“Njengoba senifikile nje, nihlele ukwenzani?” kubuza uMme wa Afrika lapho wonke umuntu esethulule impahla esikhwameni sakhe.

“Namhlanje sizoyopha izilwane zasepulazini ukudla, bese sikulandela amaqanda, Mme wa Afrika,” kusho uHope. “Kusasa sizondiza amakhayithi sonke bese, ngosuku lokugcina, uJosh afunde ukubhaka isinkwa kuhhavini wangaphandle.”

“Futhi ngifuna ukukhombisa uHope umgodi wamanzi,” kusho u-Afrika.

Bavele baqhuma uhleko oMme wa Afrika nomama kaHope.

Ezinsukwini zabo zokuqala ezimbili babematasatasa futhi bezithokozisa kakhulu. Ngosuku lwesithathu uHope waya emgodini wamanzi no-Afrika, noma eqinisweni wayefuna ukubhaka isinkwa noJosh.

“Sizobuya ngesikhathi sesidlo sasemini,” kusho uHope lapho yena no-Afrika bevalelisa wonke umuntu.

Endleleni yabo babona oklebe ababili, izidleke ezimbalwa zezinyoni negundane elincane. UHope wathatha izithombe zazo ngomakhalekhukhwini wakhe.

“Umgodi wamanzi ulaphaya,” kusho u-Afrika ekhomba. “Ake sithule bese sicasha ngemva kwalesi sihlaha.”

U-Afrika noHope babukela izinyoni ziphuza futhi zibhukuda emanzini. Kwakukhona nenyamazane encane imbala eyayiphuza onqenqemeni lomgodi wamanzi.

Kusenjalo uHope wagcwala uhlevane. Kwakukhona into eyayihamba esihlahleni esingemuva kwakhe.

“Afrika!” kunyenyeza yena.

“Kungani unyenyeza kanjalo?” kubuza u-Afrika, esabuka emgodini wamanzi.

“Kukhona into esemva kwethu futhi iya ngokusondela,” kunyenyeza uHope ngokushesha.


“Suka lapha wena! Akukho lutho oluyingozi kule ndawo,” kusho u-Afrika.

Kodwa wabe esephenduka ukuze abheke ukuthi ngabe yini leyo. “Mamo!” kumemeza yena. “BALEKA! BALEKA!”

Bagijima phakathi kwezihlahla ezinameva base bedlula amadwala. U-Afrika wagibela esihlahleni esiphakeme ngokushesha elandelwa uHope. Babezwa ukuthi kukhona okubalandelayo.

“Yini leyo?” kubuza uHope eqhaqhazela ebuka phansi esendaweni ephaphile esihlahleni.

“Yintibane. Futhi ithukuthele igane unwabu!” kusho u-Afrika.



“Ngabe iyingozi?” kubuza uHope.

“Bheka amazinyo ayo. Iyingozi kakhulu uma ithukuthele!” kusho u-Afrika.

Intibane yababuka bephezulu. Amazinyo ayo ayamakhulu, egobile. Yahogela emoyeni yase izungeza isihlahla ibhonga. Yase iphenduka iguqa phansi.

“Chaaaabo,” kuphefumula u-Afrika.

“Yini? Yini?” kubuza uHope.

“Seyifuna ukudla manje. Inye nje into esingayenza, ukulinda bese sithemba ukuthi izohamba maduze nje,” kusho u-Afrika.

Izingane zazibuka ngenkathi intibane igubha umgodi. Emva kwesikhathi eside, yanyamalala ezihlahleni.

“Kuzwakala sengathi sesibe lapha amahora amaningi. Ngabe unesiqiniseko sokuthi ihambile?” kubuza uHope.

“Nginesiqiniseko. Woza,” kusho u-Afrika ehla esihlahleni; waqalaza ndawo zonke, wagwavuma.

“Kwenzenjani? Ingabe iyabuya futhi?” kubuza uHope ngokwesaba.

“Cha,” kusho u-Afrika. “Kubi kunalokho.”

“Yini engaba yimbi ukwedlula ukuxoshwa yintibane ethukuthele?” kubuza uHope.

“Silahlekile,” kusho u-Afrika. “Angizange ngibuke ukuthi sigijima sishona ngakuphi ... e ... kuyosisiza ukuthi ushayele umama ucingo.”

UHope wafuna umakhalekhukhwini wakhe emaphakatheni akhe. “Awukho,” kusho yena. “Kungenzeka ukuthi uwe ngesikhathi sigijima. Sizokwenzenjani manje? Isikhathi sesihambile. Uyazi, ngifisa sengathi ngabe ngihlale ngabhaka isinkwa noJosh!”

U-Afrika wadonsa umoya kakhulu. “Kumele sibheke iminyatheliso yezinyawo zethu. Uma siyithola sizokwazi ukuyilandela size siyofika emgodini wamanzi.” Waphenduka wabuka endaweni ebazungezile. “Mamo! Umhlaba ebesigijima kuwo womile, ngakho-ke ngeke kube khona minyatheliso!” kusho yena.

“Sizohamba sizungeza size sithole okuthile,” kusho uHope, wase eqala ukuhamba. “Nakhu!” kumemeza yena. “Nakhu okuthile.”

U-Afrika wabuka iminyatheliso yezinselo. “Cha,” kusho yena, “akuyona iminyatheliso yezinyawo zethu leyo. Hambani niqhubeka.”

“Kodwa ingasisiza, Afrika. Ngicabanga ukuthi yiminyatheliso yezinselo zenyamazane. Ngabe awasakhumbuli yini? Sibone inyamazane encane emgodini wamanzi.”



“Yebo, kunjalo!” kusho u-Afrika. “Singayilandela ize isibuyisele emgodini wamanzi. Kungcono siphuthume ngoba ngiyacabanga ukuthi wonke umuntu ukhathazekile ngathi ekhaya.”

Lokho ababengacabangi ukuthi bazokuthola emgodini wamanzi kwaba uMme wa Afrika nomama kaHope!

“Senilibeke kancane,” kusho uMme wa Afrika ephuma emotweni. “Besikhathazekile. Ngenani emotweni, sihambe.”

“Ngiyethemba ukuthi nina nobabili ninendaba emnandi,” kusho umama kaHope, edumisa imoto. “Kuningi okumele nisichazele khona.”

UHope no-Afrika babukana.

“Empeleni,” kusho uMme wa Afrika, “Ngisanda kuhlangu nentibane ethukuthele. Ninenhlahlala ngoba anihlangananga nayo. Bekuzoba ingozi ngempela lokho!” Ngemva kwesikhashana wathi, “Hawu, we Hope, ake ubheke ukuthi ngitholeni eduze kwesihlahla esingasemgodini wamanzi.” Wanika uHope umakhalekhukhwini wakhe. “Ngeshwa ubungekho ephaketheni lakho, ngabe nishaye, nasazisa ukuthi nizolibala.”

UHope waphinde wabuka u-Afrika base bephubuka behleka.

“Mmm,” kusho uMme wa Afrika. “Kubukeka sengathi unendaba enhle yesikhathi samaholide ozoyixoxa, Hope.”

Nal'ibali fun

Can you find these holiday words in the wordsearch block below?

- | | | |
|-----------|----------|---------|
| celebrate | fun | read |
| enjoy | happy | relax |
| family | holidays | share |
| friends | play | stories |



a	r	p	r	e	l	f	r	r	i	p
c	e	l	e	b	r	a	t	e	c	e
f	a	a	c	h	s	m	e	l	l	b
r	d	y	h	o	l	i	d	a	y	s
i	f	u	n	d	g	l	s	x	h	j
e	n	j	o	y	i	y	h	k	a	l
n	m	p	r	u	q	w	a	t	p	l
d	x	u	y	s	z	t	r	v	p	p
s	t	o	r	i	e	s	e	a	y	u

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Ngabe ungakwazi ukuthola lawa magama angamaholide ebhulokhini yokucinga amagama engezansi?

- | | | |
|-----------|------------|----------|
| gubha | ngcebeleka | funda |
| thokozisa | jabula | phumula |
| umndeni | amaholide | abelana |
| abangani | dlala | izindaba |



a	m	a	h	o	l	i	d	e	u	g
b	e	f	u	n	d	a	t	e	j	u
a	a	t	h	o	k	o	z	a	a	b
n	u	m	n	d	e	n	i	a	b	h
g	a	b	a	d	n	i	z	i	u	a
a	n	a	l	e	b	a	h	k	l	l
n	g	c	e	b	e	l	e	k	a	a
i	x	u	a	l	u	m	u	h	p	l
a	b	a	n	g	a	n	i	a	y	d

What story do you think Gogo could be reading to Neo and Mbali in the picture below? What do you think the children are imagining as Gogo reads to them? What is Noodle thinking about? Draw pictures and/or write words in the thought bubbles and speech bubble to show these things.

Ngabe ucabanga ukuthi iyiphi indaba okungenzeka ukuthi uGogo uyifundela uNeo noMbali esithombeni esingezansi? Ngabe ucabanga ukuthi izingane zicabangani ngesikhathi uGogo ezifundela? Ngabe ucabangani uNoodle? Dweba izithombe bese/noma ubhale amagama emabhamuzeni enkulumo ukuze ukhombise lezi zinto.

Stories take you places! Izindaba zikusa kwezinye izindawo!



Happy holidays from Nal'ibali! Sinifisela amaholide amahle kwaNal'ibali!

We are taking a break for the school holidays and will be back in the week of 31 January 2016! Enjoy your holiday and join us next year for more story fun!



Can't wait until next year for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi or find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA.

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube unyaka ozayo ukuze uthole amanye amacebo okufunda, kanye nezindaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi noma usithole ku-Facebook: ku-www.facebook.com/nalibaliSA.

Sizoke sihlabe ikhefu ngamaholide okuvalwa kwezikole kanti sizobuya esontweni langomhla ka-31 kuMasingana wezi-2016! Thokozela iholide lakho bese uhlanganyela kanye nathi ngonyaka ozayo ukuze uthole okunye kokuzithokozisa nezindaba!

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.